

**NguMongameli
uThomas S. Monson**



Umsebenzi wethu ukuba Sisize

KubaNgcwele Bezinsuku-zokugcina, isidingo sokusiza abafowethu kanye nodade bethu, ngesizathu esithize, baphambukile endleleni yomsebenzi weBandla kuwukubaluleka okungunaphakade okukhulu. Siyabazi yini abantu abanjalo abaye balithanda ivangeli na? Uma kunjalo, uyini umsebenzi wethu ukuze sibasize?

Cabanga ngalabo abalahlekile asebakhlulile, abafelokazi, kanye nabagulayo. Esikhathini esiningi batholakala endaweni eyomile futhi ehlane elichelile elime lilodwa elibizwa ngokuthiwa indawo ozithola uwedwa. Ngenkathi abasebasha behamba, ngenkathi isimo sempilo sibabuthakathaka, ngenkathi amandla ancipha, ngenkathi ukukhanya kwethemba kuncipha kancane kancane, bangakhuselwa futhi baxhaswe ngesandla leso esizayo kanye nenhliziyo enozwelo.

Bakhona, ngempela, abanye abadinga usizo. Abanye bahlupheke ngesono ngenkathi abanye bazithola benovalo noma benozwelo kwabanye noma bengenandaba. Noma yisiphi isizathu, bazichelelanisile kanye nomsebenzi eBandleni. Bazakuhlala belahlekile ngempela ngaphandle kokuthi kunabathatha izinyathelo kithi — amalungu eBandla aqinileyo—anentshisakalo yokusiza futhi asindise.

Umuntu Ozangibonisa Indlela

Esikhathini esadlulayo ngathola incwadi eyabhalwa indoda ebesezidukile eBandleni. Iqukethe amalungu ethu amaningi kakhulu. Emva kokuba achaze ukuba kungani ayekele ukungasezi ebandleni, wabhala:

“Nganginokuningi kepha manje nginokuncane. Angijabulile futhi ngizizwa sengathi ngiyehluleka kuzozonke izinto. Ivangeli azange liphume enhlizweni yami, noma-ke lingasekho empilweni yami. Ngicela imikhuleko yakho.

“Ngicela ungakhohlwa thina esilapha ngaphandle—abaNgcwele Bezinsuku-zokugcina abadukileyo. Ngizazi ukuba iBandla likuphi, kepha ngesinye isikhathi ngicabanga ukuthi ngidinga omunye umuntu ukuba anagibonise indlela, angigququzele, asuse uvalo kimi, futhi abeke ubufakazi bakhe kimi.

Ngenkathi ngifunda lencwadi, ngakhumbula ngiyovakasha kwenye yezindawo zobuciko enkulu yomhlaba—iMuseum edumile kaVictoria kanye noAlbert eLondon, eNgilandi. Lapho, kunomfanekiso omuhle kakhulu owapendwa ngo 1831 ngu Joseph Mallord William Turner. Umfanekiso ubonisa amafu amnyama asindayo kanye nolaka lolwandle olubonisa ingozi futhi nokufa. Uku-khanya okuchwebezelayo okubonakala kude esikebheni

esime sodwa. Ngaphambili, kunesikebhe sokusindisa izimpilo esiphakamiswe amagagasi azayo angamanzi anogwebu. Indoda yadonsa ngamandla insimbi yokuhambisa isikebhe sokusindisa impilo njengoba isikebhe sokusindisa abantu singena kwisiphapho. Kusebe kume owesifazane kanye nezingane ezimbili, banethwe imvula futhi beshaywa ngumoya. Babuka ulwandle ngokukhathazekile. Enqondweni yami nganciphisa igama lomfanekiso. Kimi kwaba *Wukusiza*.¹

Phakathi kwesivunguvungu sempilo, kunobungozi. Amadoda kanye nabesifazane, abafana kanye namantobazane bazithola belahlekile futhi bedudekile. Ngubani ozakululeka izikebhe zokusiza imphefumulo, bashiye amakhaya abo anethezekile kanye nemindeni yabo, futhi bahambe ukuyosiza na?

Umsebenzi wethu awusoze wangenzeke. Siseduzane neNkosi; sivumelekile ukuba sithole usizo Lwakhe.

Ngenkathi iNkosi ifundisa, yabiza abadwebi zinhlanzi ukuba bashiye amanethi abo futhi bamlandele, ememezela, “Ngizakunenza abadobi zinhlanzi babantu.”² Singajoyina imisebenzi yabadobi zinhlanzi bangamadoda kanye nabesifazane, ukuze sikwazi ukunikezela noma ngosizo luphi.

Umsebenzi wethu ukuba sikwazi ukufinyelela siseze labo abashiye umsebezi wokuphepha, ukuze labo bakwazi ukulethwa etafuleni leNkosi ukuze bathole izwi Lakhe, ukuba bajabulele ukubanobudlelwane kanye noMoya Wakhe oNgcwele, futhi bangabi ngabantu abangaziwa noma abangaphandle, kepha babe ngabahlala ndawonye kanye nabaNgcwele, futhi babe ngabase-ndlini eyodwa kanye noNkulunkulu.³

Umthetho woThando

Ngathola ukuba kunombangela obaluleke kakhulu mayelana nokubuyela kumsebenzi kanye nokushintsha kwezimilo, amasiko, kanye nezenzo. Okokuqala, umuntu uyabuyela ngenxa yokuba omunye umuntu ubonise ithemba elangunphakade futhi usize bakwazi ukuba bafinyelele kulo. Abangaqinile kahle abasoze bahlala benabile ngobubi uma bebona ukuthi ubuhle buseduzane nabo.

Okwesibili, abanye bayabuya ngenxa yokuba ababathandayo noma abanye abangcwele abantu abakhonza

kanye nabo” balandele imfundiso yoMsindisi, bathande omakhelwane babo njengoba bazithanda nabo,⁴ futhi basize abanye ukuba amaphupho abo afezeke kanye nenjongo yabo ifezeke.

Umgqunguzeli kulomsebenzi uhlezi enjalo—futhi kuyohlala kunjalo—umthetho woThando.

Emqondweni wangempela, labo bantu abahluphekile kwisiphetho solwandle somdwebo kaTurner bangabaningi abangamalungu ethu angasaqinile abalindele ukusizwa yilabo abashayela isikebhe sokusindisa impilo. Izinhliziyi zabo zikhankanya usizo. Omama kanye noBaba bakhulekela amadodana kanye namadodakazi abo. Amakhosikazi acela ezulwini ukuthi sengathi amadoda abo angatholakala. Ngesinye isikhathi izingane zikhulekela abazali bazo.

Kungumkhuleko wami sengathi singaba nesifiso sokuba siseze labo abangaqinile futhi sibabuyisele kwinjabulo yevangeli likaJesusu Kristu, ukuze bakwazi ukuthabatha kanye nathi konke lokho okuphathelene kanye nokukhonza.

Make sifinyelele ekusizeni labo abalahlekile abaseduzane nathi: abasebakhulile, abashonelwe, abagulayo, labo abangakhoni ukuzenzela, abangaqinile kahle, kanye nalabo abangagcini imiyalelo. Make silule isandla kubona leso esisizayo futhi nenhliziyi eyazi uzwelo. Ngokwenza njalo, sizakuletha injabulo ezinhlizweni zethu, futhi sizakuzwa ukuneliseka okuphakeme esibuzwa uma sisiza omunye umuntu endleleni eya kwimpilo engunaphakade.

AMANOTHI

1. Isihloko somfanekiso i *Life-Boat and Manby Apparatus Going Off to a Stranded Vessel Making Signal (Blue Lights) of Distress*.

2. uMatewu 4:19.

3. AbaseEfesu 2:19.

4. Bona uMatewu 22:37–40.

UKUFUNDISA OKUVELA KULOMLAYEZO

Cabanga ngokubuzwa abantu labo obavakashelayo uma bayazi umuntu okunzima kuyena ukungasezi ebandleni. Ungakhetha umuntu oyedwa futhi nixoxisane ngezindlela zokubonisa uthando, ezifana nokuba umeme yena ukuba eze kumhlangano womndeni wangomsombuluko noma eze ukuzodla isidlo.

INTSHA

Isipho sikaJen

Ngu Josi S. Kilpack

Ngakhetha izindlela eziningi ezingalungile ngomnyaka wami wokuqala esikoleni esiphezulu. Izinqumo lezo zenza ukuba kube nemibangela emibi futhi nokudumala, futhi ngakhetha ukuba ngisebenzise ukuphumula kwami kwasehlobo ukuba ngiqale ngenze ushintsho. Ngenkathi isikole siqala futhi, ngadla ilan-stshi endaweni yokugezela noma endaweni evulekile ukuba ngibalekele ukuba nobudlelwane obubi obuzayo obungimele.

Azange ngizizwe ngingedwa kanjena.

uNkulunkulu ungipha isipho: Wangithumelela uJen. Azange angehlulele ngamaphutha ami engawenza kepha wangigqugquzela ukuba ngiqhubeka ngihambe endleleni elungungile. Ezazi ukuba uzakuba esikoleni kwangisiza ukuba ngiqhubeke ngifunde izincwadi zenkolo futhi ngikhulise ubufakazi bami. Ngenkathi kufika isikhathi sokudlulela phambili, ngazibonakalise ukuthi ngangizimisele ukuba ngishintshe.

Ngesinye isikhathi ngiyengizibuze ukuba ngabe ngikuphi namuhla uma uJen azange angisize. Ngabe ngagcina imithetho yami ngaphandle kwakhe na? Ngenhlalnhla, angisoze ngazi ngokuba wayehlezi ekhona njalo ngenhliziyo yonke yakhe, ezilungiselele futhi efisa ukuba angisize.

Umbhali uhlala eUtah, USA.

IZINGANE

Izindlela zokuSiza

UMongameli uThomas S. Monson usifundisa ukuthi kumele sisize abanye, abasebakhulile, abafelokazi, abagulayo, abangaqinile kahle ebandleni, kanye nalabo abadinga usizo kakhudlwana. Cabanga ngabantu obaziyo abangahle badinge usizo.

Bhala phansi noma udwebe izithombe zemicabango ngezindlela ongasiza abanye balabantu. Ungabuza abazali bakho ukuba bakusize ucabange ngemibono bese futhi ukhethe owodwa ozowuzama kuleliviki.



Umsebenzi Ongcwele kaJesu Kristu: Umdali

Funda lomlayezo futhi, ngokufanelekile, xoxisana ngayo nalabo dade obavakashelayo. Sebenzisa lemibuzo ukusiza uqinisa odade bakho nokwenza Inhlango Yabesimame Yenkululeko ibe yingxenye ebalulekile yempilo yakho. Ukuthola ulwazi oluningi ngalokhu, iya ku www.reliefsociety.lds.org.

Ukholo • Umndeni • Inkululeko

Lena eyokuqala yeMilayezo Yoku-fundisa Ngokuvakasha equkethe izinto ezibalulekile ngomsebenzi woMsindisi.

uJesu Kristu “wadala izulu kanye nomhlaba” (3 uNifayi 9:15). Wakwenzisa lokho ngamandla wobupristi, waholwa nguBaba wethu waseZulwini (bona uMose 1:33).

“Singabonga kangakanani ukuthi uMdali ohlakaniphileyo owasungula umhlaba futhi owasiletha lapha,” wakhuluma uMongameli uThomas S. Monson, “. . . ukuze sithole isikhathi sesifundo ngokuvivinywa, ithuba lokuzibonakalisa ukuze sifaneleke kukho konke uNkulunkulu asilungiselele kona ukuba sikuthole.¹ Uma sisebenzisa ilungelo lethu lokukhetha ukuba silalele imiyalelo kaNkulunkulu futhi siguquke sibengabalungileyo ukuba sibuyele siyophila kanye Naye.

Ngendalo, uMongameli uDieter F. Uchtdorf, iKhansela Lesibili KubuMongameli Bokuqala, wathi:

“Siyisizathu sokuba Yena adale umhlaba! . . .

Lokhu akuqondakali kumuntu: uma uqhathanisa noNkulunkulu, umuntu akayilutho; kepha siyonke into kuNkulunkulu.² Ukwazi ukuba uJesu Kristu wasidalela umhlaba

ngoba sibaluleke kakhulu kuBaba waseZulwini kungasisiza ukuba sikhulise uthando lwethu Kubo.

Kuvela Embhalweni Ongcwele

uJohane 1:3; AmaHeberu 1:1–2; uMozaya 3:8; uMose 1:30–33, 35–39; uAbrahamu 3:24–25

Kuvela Emlandweni Wethu

Sidalwe ngomfanekiso Wakhe (bona uMose 2:26–27), futhi sinamakhono angcwele. uMprofethi uJoseph Smith wayala odade beNhlango Yabesimame Yenkululeko ukuba “baphile ngamalungelo [abo].”³ Ngalokokugququzelwa njengesiqalo, odade eBandleni likaJesu Kristu Labangcwele Bezinsuku-zokugcina bafundisiwe ukuba baphile ngokufanelekile kumakhono abo angcwele ngokugcwalisa injongo kaNkulunkulu ngabo. “Njengoba bathola ukwazi ukuba bona bangobani ngempela—amadodakazi kaNkulunkulu, ngekhono eliphakathi lokuthanda kanye nokunakekela,—bafinyelela kumakhono abo njengabesifazane abangcwele.”⁴

“Manje ubekwe esimweni lapho wena ozenza ngendlela enozwelo leyo uNkulunkulu ayitshalile

ezifubeni zenu,” wakhulama uMprofethi uJoseph Smith. “Uma ungaphila ngaphansi kwalemitetho kungaba kuhle kakhulu futhi kubengcwele! . . . Uma uphila ngamalungelo akho, izingelosi azingeke zahlukana ukuba abangane bakho.”⁵

AMANOTHI

1. uThomas S. Monson, “The Race of Life,” *Liahona*, uMeyi 2012, 91.
2. uDieter F. Uchtdorf, “You Matter to Him,” *Liahona*, Nov. 2011, 20.
3. Joseph Fielding Smith, in *Daughters in My Kingdom: The History and Work of Relief Society* (2011), 171.
4. *Daughters in My Kingdom*, 171.
5. Bona uJoseph Smith, in *Daughters in My Kingdom*, 171–72.

Ngingenzenjani?

1. Ukwazi kabanzi ngendalo yobungcwele yethu kungakhulisa kanjani uthando lwethu kuMsindisi?
2. Singakhombisa kanjani ukuba siyabonga ngendalo kaNkulunkulu?

© 2013 ngabakwa Intellectual Reserve, Inc. All rights reserved. Ubhalwe eUSA. Isingisi esivunyelwe: 6/13. Ukhumusha okuvunyiwe: 6/13. Ukhumusha *Visiting Teaching Message*, October 2013. isiZulu. 10670 783